

# ISIQONDISO SE CFA INSTITUTE SAMALUNGELO ABATSHALI-MALI

Lesi "Yisiqondiso Samalungelo Abatshali-mali" esivela ku CFA Institute esinjongo yaso ukweluleka abathengi bezinkonzo zezimali ngendlela yokuziphatha abanelungelo lokukulindela kubahlinzeki bezinkonzo zezimali. Lamalungelo aveza izimiso eziyisisekelo zokuziphatha okuhle ezibaluleke ngempela ekwakheni ithemba nokuqiniseka kunoma yibuphi ubudlelwane bomsebenzi wezinga eliphezulu. Loluhlu lusebenza kwimikhiqizo nezinkonzo zezimali ezifana nocwaningo lokuphatha imali etshaliwe, ucwaningo nokwelulekwa, ukubhangha komuntu uqobo, umshwalense, nokuthengiswa komhlaba. Kungakhathaliseki ukuthi, uqlisa uhlelo lotshalo-mali, usebenzisana nochwepheshes wosizo lwezezimali, uvula i-akhawunti yasebhange nomu uthenga umuzi, lesi Siqondiso Samalungelo Abatshali-mali siyithuluzi elingakusiza ukuba uthole konke ukwaziswa okudingayo nosizo olulindele nokufanele uluthole. **Ukulindela ukuba ongoti bezezimali baziphathe ngokuvumelana naleziziqondiso kusiza ekwakheni ithemba kumuntu noma inkamapani osebenzisana nayo, ngaleyondlela kuthuthukise ukwethembana nenhlionipho nobuqotho kwezezimali.**

## LAPHO NGITHOLA USIZO EZINKAMPANINI NAKONGOTI BEZINKONZO ZEZIMALI, NGINELUNGELO...

1. Lokusizwa ngobuqotho, ngekhono, nangokuziphatha okulungileyo okuhambisana nomthetho osebenzayo.
2. Lokunikezwa iseluleko esizimele nesingachemile kanye nosizo olusekelwe olwazini olunembile, ukwahlulela okuhle, nomzamo owenziwa ngenkuthalo.
3. Lokuthi izintshisekelo zami zezimali zize kuqala kunezika ngoti nezenkampani.
4. Lokuphathwa ngokungakhethi ngokuqondene namanye amaklayente.
5. Lokwambulelwa noma yikuphi ukungqubuzana kwezithakazelo okukhona nokungenzeka lapho ngikhethelwa imikhiqizo noma izinkonzo ezithile.
6. Lokuba izimo zami ziqondisiswe, ukuze noma yikuphi ukwelulekwa engikunikezwayo kube ngokufanelekile okuhambisana nezinhloso zami zezimali nokulinganiselwa kwami.
7. Lokwaziswa, okucacile, okuqondile, okuphelele nokulethwa ngesikhathi esifanele okusebenzisa ulimi olulula nokwethulwa ngendlela ezwakalayo nesebenzayo.
8. Lokuchazelwa ngayo yonke inkohiso nezindleko engikhokhiswa zona, nokwaziswa okubonisa ukuthi lezi zindleko zilingene futhi zifanelekile.
9. Lokuba ukwaziswa okupathelene nami kugcinwe kuyimfiho.
10. Lokugcinwa kwemibhalo eqondile esekela umsebenzi engenzelwe wona.

Visit [cfainstitute.org/futurefinance](http://cfainstitute.org/futurefinance)